**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUVULA UMGWAQO U-P218 NO-P710 NGOLWESINE MHLAKA 16 APRIL 2009**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Njengohulumeni oholwa i-ANC sizibeke phambili izinhlelo zentuthuko yasemakhaya. Siyazi ukuthi kule minyaka edlule uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uqale uhlelo lwe-Roads for Rural Development olwakhelwe ukuletha imigwaqo ngokulinganayo kuyo yonke iKwaZulu-Natal, sibe futhi sidala amathuba emisebenzi namabhizinisi emiphakathini ebinganakiwe phambilini.

- Siyazi ukuthi ukwakha imigwaqo nokugcinwa kwayo isesimweni kuhambisana nokutshalwa kwezimali eziningi ekuthuthukisweni kwezindawo zasemakhaya. Ukungabikhona kwemigwaqo kubambezela ukulethwa kwazo zonke ezinye izidingo emphakathini.

- Ngaleyo ndlela ukwakhiwa kwemigwaqo yasemakhaya kuba nomthelela omkhulu empilweni yabantu kwezenhlalo, amasiko nezomnotho. Akugcini nje ngokunika indlela eya ezimakethe, ekutholeni izinsiza, emsebenzini nokuxhumanisa abantu, kodwa kuphinda kusize umuntu ngamunye ukuba azithuthukise ngendlela ayifisayo.

- Yingakho phela namhlanje sibona abantu bakithi ababencishwe amathuba phambilini sebephumela obala besho ukuthi ngempela siyakufeza esizibophezele kukona.

- Namhlanje sivula umgwaqo u-P218 no-P710. Umsebenzi wokufakwa kwetiyela lapha wenziwa ngezigaba ngokweminyaka yezimali. Njengamanje sekuno-15,9 km ibanga eselifakwe itiyela ngesamba sika-R31 million. Ubude balo mgwaqo ngu-40 km (u-P218 ongu-10 km no-P710 ongu-30 km) kanti uzophothulwa ngo-2013. Ingu-R105 million isiyonke imali ezotshalwa lapha kulo msebenzi.

- Kunezikole eziningi ezakhe kulo mgwaqo ezizosizakala ngokufakwa kwetiyela. Kunesibhedlela iMbongolwana Hospital esiseduze kwempambanamgwaqo u-P218 no-P710 okwenza lo msebenzi usize ukufinyelela kalula kulesi sikhungo sezempilo.

- Eminye imihlomulo ngalo mgwaqo ngukutshalwa kwezimali emphakathini wendawo nokudluliselwa kwamakhono khona endaweni.

- Kwenziwa isiqiniseko sokusebenzisa osonkontileka bakaVukuzakhe bese kuthathwa abantu bendawo ngemisebenzi engadingi amakhono. Kuba ngabantu abanamakhono angekho endaweni abavunyelwa ukuqashwa ngaphandle kwendawo.

- Sekube namathuba abalelwa ku-33 emisebenzi kubantu bendawo kwathi imisebenzi yosuku yaba ngu-2 281 kulo nyaka uwodwa. Kulindeleke ukuthi abalelwe ku-110 amathuba emisebenzi asazodaleka ngalo msebenzi.

- Ukulungiswa kwale migwaqo emibili kuzoxhumanisa umphakathi nomgwaqo u-P50 oyitiyela enyakatho naseSundumbili eningizimu. Le migwaqo izosiza ekuthuthweni kwezingodo nomoba okhiqizwa ngabalimi bendawo kuyiswa emishinini yokugaya engasogwini.

- Ngempela kufanele njengohulumeni oholwa nguNdunankulu uNdebele ukuthi siziqhenye ngemisebenzi esesiyenzile. Kodwa sinesiqiniseko sokuthi elinye ihlandla lokuphatha uhulumeni lizokwenza senze okuningi ukusheshisa izinguquko ezimpilweni zabantu bakithi.

- Sengiphetha, lona yiwona hulumeni okwazi ukuguqula izimpilo zabantu. Intuthuko yasemakhaya kuthina akuyona into ebaluleke ngoba kuyisikhathi sokhetho. Njengoba ngishilo phambilini, sesibe nezinhlelo eziningi zokubhekana nezinselelo zasemakhaya. Ngakho-ke noma kunokhetho noma lungekho okwethu ngukwenza esizibophezele kukona.

**I thank you.**